school of government
Department:
National School of Government
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

AMAZWI OKUVALA ETHULWE NGUDKT. CHANA PILANE-MAJAKE, OYISEKELA LIKANGQONGQOSHE WEZOKUPHATHWA KWEZABASEBENZI BAHULUMENI ENGQUNGQUTHELENI EYANDULELA EYE-*BRICS* MAQONDANA NOKUVUSELELWA KWEZEMISEBENZI KAHULUMENI NOKWENGAMELA, ENYUVESI YASEPITOLI, 19 KUNTULIKAZI 2023

Mqondisi Wohlelo
Amalungu e-*diplomatic corp* Amalungu
ezamazwe e-*BRICS*
USekela Sihlalo kanye naManxusa eKhomishana Yezabasebenzi Bahulumeni eNingizimu Afrika Abaqondisi-Jikelele, yizinhloko zezikhungo zahulumeni kanye nabaphathi abangabasebenzi bahulumeni
Amalungu ezemfundo
Izihambeli ezihloniphekile, izikhulumi kanye nalabo abahlanganyele nathi namhlanje ngokunjalo nalabo esixhumana nabo ezinkundleni zobuchwepheshe bekwezinye izindawo eNingizimu Afrika nasemhlabeni jikelele.

Mqondisi wohlelo, ngivumele ngokuqala ngibonge nina nonke ngokuba yingxenye nokuhambela le Ngqungquthela eyandulela i-*BRICS 2023*. Kube yintokozo ngempela ukunisingatha kulezi zinsuku ezintathu sixoxisana kabanzi nangamazwi anobuhlakani. Sithokoze kakhulu ukusingatha izihambeli ezisuka kuleli lizwe kanye nasemhlabeni jikelele. Izinga lale ngqungquthela libe yilokho okusuke kulindelekile ezingqungqutheleni kumazwe ngamazwe maqondana nombuso kanye nokuphathwa kukahulumeni uma sikhuluma ngamazwe e-*BRICS.*

Umthombo othembekile ungitshele ukuthi kule ngqungquthela kwamukelwe nemibono eyakhayo nekhuthaza kakhulu ehlinzekwe

ngabafundi abangaphezu kwabangu-50, izifundiswa, abasebenzi bahulumeni ngaphansi kwe-*BRICS*, izikhungo zoqeqesho zahulumeni, izikhungo zemfundo ephakeme kanye namazwe athintekayo. Kuyangithokozisa ukuthi i-*National School of Government* yaseNingizimu Afrika ibambisene neNyuvesi yasePitoli baye babuyekeza imibono eyethuliwe, nezosatshalaliswa kuwo wonke umuntu. Ngalokhu-ke, ngiyanibonga nonke futhi sengimagake ekutheni ngithole ikhophi yami yale mibono. Kufanele siyibonge kakhulu iNyuvesi yasePitoli, uSekela-Shansela oBambile, uSolwazi *Carolina Koornhof* ngempatho abayikhombisile ekusingathweni kwale ngqungquthela. Siyabonga, futhi siyethemba ukuthi inyuvesi izoqhubeka nokusebenzisana nathi.

Mangiphinde futhi, ngigcizelele ukuthi bubaluleke kakhulu ubudlelwano ne-*BRICS* ekwesekeni iNingizimu Afrika kanye nezwekazi lase-Afrika lonkana ukuze kubuyiseleke umnotho esimweni esifanele ngemuva kobhubhane lwe-*COVID-19*. Ngenxa yobukhona be-*BRICS*, i-Afrika nayo ingasimama. Le Afrika esifuna kube yiyo. Ngalokhu-ke, ngifisa ukubonga abalingani bethu be-*BRICS*, imiyalezo yabo yokuseseka kanye nobudlelwano obuqhubekayo esinabo ne-*National School of Government*.

Buyangijabulisa futhi ubudlelwane bethu ne-*OECD*, nokuyibona abasenzele isethulo esicacisa kabanzi ngekusasa lezikhungo zoqeqesho kuhulumeni. Lokhu kubaluleke kakhulu maqondana nengqikithi yokuvuselelwa kwezinhlaka zikahulumeni futhi ikakhulu ingomuso lokusebenza kukahulumeni.

Le ngqungquthela isinika ithuba lokuxoxisana maqondana nezindaba ezimqoka ngaphansi kwe-*BRICS*, okuhlanganisa nohlelo lokutshalwa

kwezihlahla emadolobheni, ukuvuselelwa kwamandla, ukwenganyelwa kwezingozi nezinhlekelele. Lokhu kusalokhu kumqoka njalo emazweni e-*BRICS* nasezwenikazi i-Afrika.

Kufanele siqhubeke nokulwela ukuba nguhulumeni oziphendulelayo, ukuziphatha kahle, sikwazi ukusebenzela amazwe ethu ukuze sizuze lokho esikufisayo siphinde sikwazi ukubhekana nenkohlakalo emazweni ethu ngokwahlukana kwawo. Okunye futhi okubalulekile kuhulumeni ubungcweti kanye nokuziphatha okuhle, ngokunjalo nokuba nendlela ekahle yokuphatha imiphumela yezenzo ezithile - njengoba lokhu kuvelile ezingxoxweni esibe nazo. Ekuhlabeleni phambili, nginingxusa nonke ukuthi nibhekisise imibono eyethuliwe ukuze nithole izifundo empumelelweni nasekuhlulekeni kuhulumeni wethu kanye nezindlela esizithathayo ekwenzeni amazwe ethu akwazi ukuphendula nokumelana nezidingo zabantu.

Njengoba sesiphetha le ngqungquthela, ngifisela izihambeli zethu zakwamanye amazwe uhambo oluhle sezibuyela emakhaya futhi ngiyethemba ukuthi niphatheke kahle ezweni lethu. Ngikholwa wukuthi le ngqungquthela eyandulela ingqungquthela ibe yimpumelelo futhi ibe yisindlalelo esihle ekuxoxisaneni okuzoba khona eNgqungqutheleni ye-*BRICS* ezoba seNingizimu Afrika ngoNcwaba 2023.

Zihambeli zethu ezihloniphekile, ngimemezela le Ngqungquthela njengesivaliwe ngemuva kwezimemezelo.

Ngiyabonga.